

---

**ISAZISO SIKAHULUMENI**

---

**UMNYANGO WEZEMVELO NEZOKUVAKASHA**

**No. R....**

**.....2008**

**UMTHETHO KAZWELONKE WOKUPHATHWA KWEMVELO: IMVELO  
EHLUKAHLUNE WE-2004 (UMTHETHO WE-10 WE-2004): UKUQALISWA  
KWEMITHETHONQUBO YE-BIOPROSPECTING, UKUFINYELELEKA  
NOKWABIWA KWENZUZO**

Mina, Marthinus van Schalkwyk, uNgqongqoshe Wezemvelo Nezokuvakasha, lapha, ngaphansi koMthethonqubo we-*Bioprospecting*, Ukufinyeleleka Nokwabiwa Kwenzuzo eshicilelwe kwiGazethi Kahulumeni No.138 yomhla wesi-08-02-2008, unquma ukuthi imiThethonqubo eshiwo izoqala ukusebenza Mhla lu-1 ku-Ephreli 2008.

UNgqongqoshe Wezemvelo Nezokuvakasha

**USUKU:28-01-08**

**UMTHETHO KAZWELONKE WOKUPHATHWA KWEMVELO: IMVELO EHLUKAHLUNE  
WE-2004: IMITHETHONQUBO YE-BIOPROSPECTING, UKUFINYELELEKA  
NOKWABIWA KWENZUZO**

UNgqongqoshe Wezemvelo Nezokuvakasha, ngaphansi kwesahluko sama-97(1) (d), (e), (f), (g) no-(h) soMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwemvelo: Imvelo Ehlukahlukene we-2004 (uMthetho we-10 we-2004), wenze imiThethonqubo ekuSheduli.

**UKUHUMUSHA NEZINHLOSO ZALE MITHETHONQUBO**

1. Izincazelo
2. Izinhloso zemiThethonqubo
3. Ukusetshenziswa kwemiThethonqubo

**ISIQEPHI SOKU-1**

**IZIMO OKUNGENZIWA NGAPHANSI KWAZO UCWANINGO UKUZE  
KUTHOLAKALE UKWAKHEKHA KWAMAKHEMIKHALI EZIMILA  
NEZILOKAZANE (i-BIOPROSPECTING) FUTHI NOLUNYE UCWANGO**

4. Ucwangingo ukuze kutholakale ukwakhekha kwamakhemikhali ezimila nezilokazane (i- *Bioprospecting*)
5. Ucwangingo ngaphandle kwe-*Boiprospecting*

## ISIQEPHU SESI-2

### UHLELO LAMAPHEMITHI E-BIOPROSPECTING KANYE NOKUKHISHWA EZWENI KWEMITHOMBO YOMDABU YEMVELO

#### ***Ingxenye yoku-1: Iziphathimandla ezikhipha amaphemithi***

6. Imisebenzi yeziphathimandla ezikhipha amaphemithi
7. Amandla nemisebenzi yeziphathimandla ezikhipha amaphemithi
8. Izimo okungakhishwa ngaphansi kwazo amaphemithi

#### ***Ingxenye yesi-2: Ukufaka isicelo samaphemithi***

9. Abafakizicelo
10. Indlela yokufaka izicelo

#### ***Ingxenye yesi-3: Ukukhishwa kwamaphemithi kanye nokuqokethwe amaphemithi***

11. Amaphemithi e-Bioprospecting
12. Amaphemithi ambandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni ne-Bioprospecting
13. Amaphemithi okusa izinto zocwaningo ngaphandle kwe-Bioprospecting  
kwamanye amazwe

#### ***Ingxenye yesi-4: Izikhalazo***

14. Izinqumo okufanele zikhalazelwe
15. Inkambiso yokukhalaza

### ISIQEPHU SESI-3

#### IZIVUMELWANO ZOKUDLULISWA KWEZINTO, IZIVUMELWANO ZOKWABIWA KWENZUZO KANYE NOKULAWULWA KWESIKHWAMA SETHRASTI YE-BOIPROSPECTING

##### *Ingxenye yoku-1: Izivumelwano*

16. Izivumelwano zokudluliswa kwezinto

17. Izivumelwano zokwabiwa kwenzuzo

18. Imisebenzi yomgciniphemithi

##### *Ingxenye yesi-2: UkuLawulwa Kwesikhwama Sethrasti ye-Bioprospecting*

19. UkuLawulwa Kwesikhwama Sethrasti ye-Bioprospecting

### ISIQEPHU SESI-4

#### JIKELELE

20. Amacala

21. Inhlawulo

22. Imibandela yesikhashana

23. IsiHloko Esifushane Nokuqaliswa

## UKUHUMUSHA NEZINHLOSO ZEMITHETHONQUBO

### Izincazelo

1. Kule miThethonqubo, igama noma okushiwoyo okunikwe incazelo kulo Mthetho kunencazelo okunikwe yona futhi, ngaphandle uma inqikithi isho okunye —

**"uMthetho"** usho uMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwemvelo Ehlukahlukene we-2004 (uMthetho we-10 we-2004).

**"uhlobo noma ngabe iluphi locwaningo"** lusho ucwaningo ngaphandle kwe-*Boiprospecting* futhi -

(a) lumbandakanya ukuqokelelwa okuhleliwe, ukufunda noma ukuphenya ngemithombo yomdabu yemvelo, okwenziwa ngaphansi kwesikhungo seqiniso socwaningo noma inhlangotho ukuze kukhiqizwe ulwazi lwesayensi; kodwa

(b) kushiya ngaphandle izifundo nocwaningo ngokwezizathu;

**"umfakisicelo"** usho umuntu osefake, isicelo sephemithi;

**"Isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo"** sisho isivumelwano esinguhlobo leSengezo sesi-8, esiphakathi komfakisicelo nonokunotho, esihlinzekela ukwabiwa ngonotho kunoma iyiphi inzuzo yakusasa engahle itholakale ocwaningweni lwe-*Bioprospecting* isicelo esimayelana nalo;

**"iphemithi ye-*Bioprospecting*"** isho iphemithi, ekhishwe ngokwesahluko sama-38 soMthetho, yokubaneqhaza ezingeni lokufumanisa futhi/nomana sezingeni lokuhweba kwiphrojekthi ye-*Bioprospecting*;

**"Isikhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting*"** sisho isikhwama esasungulwa ngokwesahluko sama-85(1) soMthetho;

**"ukuhweba"** kumbandakanya okwenziwayo okulandelayo mayelana nemithombo yomdabu yemvelo-

- (a) ukufayila isicelo sokuqamba impahla noma iyiphi, noma ngabe iseNingizimu Afrika noma kwenye indawo;
- (b) ukuthola noma ukwedlulisa amalungelo okuqamba impahla noma amanye amalungelo;
- (c) ukuqala ukuhlolwa emitholampilo kanye nokuthuthukiswa komkhiqizo, kumbandakanya ukwenza ucwaningo lwemakethe kanye nokuthola ukuvunyelwa kwangaphambili yimakethe ukuze kuthengiswe umkhiqizo ophumayo; noma
- (d) ukuphindaphindwa kwemithombo yomdabu yemvelo ngokuyitshala, ukuyisabalalisa, ukuyiklona noma ezinye izindlela zokuthuthukisa nokwenza umkhiqizo, ofana nemithi, ama-enzaymi enziwa ezimbonini, izinambithekisi zokudla, amakha, iziqholo, izihlanganisiketshezi, ama-oleoresin, imibala kanye nokukhanywayo;

**"izinga lokuhweba kwiphrojekhthi ye-Bioprospecting"** lisho noma ngabe iluphi ucwaningo, noma ukuthuthukiswa noma ukufakwa kwesicelo, ngemithombo yomdabu yemvelo lapho uhlobo kanye nanoma ibuphi ubukhulu noma ukuhweba okungahle kubekhona noma ukuxhashazwa ezimbonini okumayelana nephrojekhthi kusungulwe ngokwanele ukuze kuqaliswe inqubo yokuhweba;

**"ulwazi oluyimfihlo"** lusho ulwazi, uma ludalulwa, olungaba yingozi ekuhwebeni noma emnothweni wenxenye yesivumelwano sokuzuza okwabiwayo, futhi-

- (a) okumbandakanya -
  - (i) ulwazi mayelana nocwaningo olwenziwayo noma olusazokwenziwa olumbandakanya iminingwane yezinhlobo ezizoqokelelwa kanye nezindawo eziphawuliwe lapho lezi zinhlobo zizoqokelelwa khona;
  - (ii) ukuhweba ngemali, ngolwazi lwesayensi noma lobuchwepheshe kumbandakanya izimfihlo nokuthengiselana;

(iii) ulwazi lomdabu uma ukudalula ulwazi kungahle kube yingozi kumphakathi ofanele wendabuko; kodwa

(a) lushiya ngaphandle ulwazi-

(i) lolo oseludaluliwe ngokuthi lushicilelwe kwijenali yesayensi;

(ii) uma ukuvuma izingxenye zonke zivuma ukuludalula;

**"izinga lokukwazi kwiphrojekhthi ye-Bioprospecting"** lisho noma ngabe iluphi ucwaningo, noma ukuthuthukiswa noma ukufakwa kwesicelo, ngemithombo yomdabu yemvelo lapho uhlobo kanye nanoma ibuphi ubukhulu noma ukuhweba okungahle kubekhona noma ukusetshenziswa ezimbonini okumayelana nephrojekhthi okusungulwe ngokwanele ukuze kuqaliswe inqubo yokuhweba;

**"iphemithi yokukhipha izinto ezweni ukuze kwenziwe ucwaningo ngaphandle kwe-Bioprospecting"** isho iphemithi, ekhishwe ngokwesahluko sama-88 soMthetho, yokukhipha imithombo yomdabu yemvelo eRiphabhlikhi ngenhloso yokuya kokwenza ucwaningo ngaphandle kwe-bioprospecting;

**"umphakathi womdabu"** usho umphakathi noma imuphi wabantu abahlala noma abanamalungelo noma ukunaka endaweni ethile ekhethekile etholakala kuRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika enohlaka lobuholi futhi -

(a) okusebenzisa kwawo ngokwesintu imithombo yomdabu yemvelo kumayelana nokufakwa kwesicelo sephemithi, kuqalise noma kuzoba neqhaza noma kwakhe ingxenye ye-Bioprospecting ehlongozwayo; noma

(b) ulwazi noma ukutholwa kwawo imithombo yomdabu yemvelo kuqalise noma kuzoba neqhaza noma kuzoba yingxenye ye-Bioprospecting ehlongozwayo;

**"ukusetshenziswa ngokwesintu noma ulwazi lwesintu"** lumbandakanya ulwazi, ukuthola noma ukusetshenziswa kwesintu kwemithombo yomdabu yemvelo, uma lolo lwazi, ukuthola noma ukusetshenziswa kwalo kuqalise noma kuzoba neqhaza engxenyeni ehlongozwayo ye-Bioprospecting noma kwiphrojekhthi yocwaningo okungukuthi ukufakwa kwesicelo sephemithi kumayelana nayo;

**"iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni kanye ne-Bioprospecting"** isho iphemithi, ekhishwe ngokwesahluko sama-88 soMthetho, yokukhipha ezweni imithombo yomdabu yemvelo ngenhloso ye-*Bioprospecting*;

**"Isivumelwano sokudluliswa kwezinto"** sisho isivumelwano esingohlobo lweSengezo sesi-7, esiphakathi komfakisicelo sephemithi nomuntu, ombandakanya noma iziphi izinhlobo zikahulumeni noma umphakathi, ohlinzeka noma onikeza ukufinyeleleka kwimithombo yomdabu yemvelo ukufakwa kwesicelo okumayelana nayo;

**"i-NEMA"** isho uMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwemvelo we-1998 (uMthetho we-107 we-1998);

**"iphemithi"** isho iphemithi ekhishwe ngokwesiQephu sesi-7, kungaba iphemithi ye-*Bioprospecting*, iphemithi embandakanya ukukhipha impahla ezweni ne-*Bioprospecting*, iphemithi yokhipha impahla ezweni ngenhloso yokukwenza ucwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting*;

**"ukusetshenziswa kwesintu noma ulwazi lomdabu"** kusho ukusetshenziswa ngokwamasiko noma ulwazi lwemithombo yomdabu yemvelo lomphakathi, ngokuhambelana nemithetho ebhaliwe noma engabhaliwe, ukusetshenziswa, amasiko noma izindlela okubonwa ngazo ngokwesintu, zamukelwa futhi zaziswa yiwo, futhi zimbandakanya ukuthola imithombo efanele yomdabu yemvelo yilowo mphakathi.

## **Izinhloso zemiThethonqubo**

### **2. Izinhloso zale miThethonqubo:**

- (a) ukuqhubeka nokulawula uhlelo lamaphemithi achazwe kusiQephu sesi-7 soMthetho mayelana nokusebenza kwalolo hlelo ku-*Bioprospecting* efaka imithombo yomdabu yemvelo noma ukukhishwa kwanoma imiphi imithombo yomdabu yemvelo eRiphabhlikhi ukwenzela izinhloso zanoma iluphi ucwaningo kanye;
- (b) nokuchaza okuqukethwe, izidingo nezindlela zokwabiwa kokuzuziwe kanye nezivumelwano zokudluliswa kwezinto.

### **3. Ukusetshenziswa kwemiThethonqubo**

- (1) Le miThethonqubo ilawula -
- (a) izinga lokufumanisa futhi/noma izinga lokuhweba kwiphrojekhthi ye-*Bioprospecting*;
  - (b) ukukhipha eRiphabhlikhi nanoma iyiphi imithombo yomdabu yemvelo ngenhloso ye-*Bioprospecting*; kanye
  - (b) nokukhipha eRiphabhlikhi nanoma iyiphi imithombo yomdabu yemvelo ngenhloso yanoma iluphi uhlobo locwaningo.

### **ISIQEPHI SOKU-1**

#### **IZIMO OKUNGENZIWA NGAPHANSI KWAZO I-BIOPROSPECTING KANYE NANOMA ILUPHI UCWANINGO NGAPHANDLE KWE-BIOPROSPECTING**

#### ***I-Bioprospecting***

4. (1) Izinga lokufumanisa futhi/noma izinga lokuhweba kwiphrojekhthi ye-*Bioprospecting* lingenziwa kuphela ngokutholakala kwephemithi ekhishwe nguNgqongqoshe.

(2) Uma umfakisicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* efuna ukukhipha imithombo yomdabu yemvelo ezweni okungukuthi isicelo simayelana nalo, umfakisicelo kufanele afake isicelo kuNgqongqoshe ukuze athole iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni kanye ne-*Bioprospecting*.

(3) UNgqongqoshe angakhipha iphemithi ye-*Bioprospecting* noma iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni ne-*Bioprospecting* ngemuva kokufeza izidingo zoMthethonqubo wesi-8(1) nesi-9(1) kuphela.

#### **Ucwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting***

5. (1) Imithombo yomdabu yemvelo ingakhishwa ezweni ikhishelwe inhloso yocwaningo kuphela ngaphandle uma iphemithi ye-*Bioprospecting* ikhishiwe yisiphathimandla esiyikhipha amaphemithi esishiwo kuMthethonqubo wesi-6.

(2) Iphemithi yokukhipha izinto ezweni ukuze kwenziwe ucwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting* ingakhishwa njengengxenywe yephemithi embandakanyayo ngaphandle uma isiphathimandla esiyikhiphayo sihambisana nesahluko sama-92 soMthetho.

(3) Ngaphambu kokukhipha iphemithi yokukhishwa kwezinto ezweni ngaphandle kwe-*Bioprospecting*, ukukhishwa kwephemithi yisiphamandla esiyikhiphayo kufanele sihambisane noMthethonqubo wesi-9(1) nowe-13(1).

## **ISIQEPHU SESI-2**

### **UHLELO LAMAPHEMITHI E-BIOPROSPECTING KANYE NOKUKHISHWA EZWENI KWEMITHOMBO YOMDABU YEMVELO**

#### ***Ingxenye yoku-1: Iziphathimandla eziwakhapha amaphemithi***

#### **Imizebenzi yeziphathimandla ezikhipha amaphemithi**

**6.** (1) UNgqongqoshe uyisiphathimandla esikhipha -

- (a) amaphemithi ye-*Bioprospecting*; kanye
- (b) amaphemithi ambandakanyayo okukhipha izinto ezweni nawe-*Bioprospecting*, uma imithombo yomdabu yemvelo iphuma ezweni ngenhloso ye-*Bioprospecting*.

(2) U-MEC ubekiwe ngokwesikhundla somsebenzi njengesiphathimandla esikhipha amaphemithi okukhipha izinto ezweni, uma imithombo yomdabu yemvelo ikhishwa ezweni ikhishelwa ucwaningo ngaphandle kwe-bioprospecting, futhi imithombo yomdabu yemvelo kufanele iqokelelwe noma ibuthelwe ndawonye kuleso sifundazwe.

(3) Ukunikezela amandla nemisebenzi kwesiphathimandla esikhipha amaphemithi kungenziwa kuphela ngokuhambelana nesahluko sama-42 nesama-42A se-NEMA.

## **Amandla nemisebenzi yeziphathimandla ezikhipha amaphemithi**

7. (1) Isiphathimandla esikhipha amaphemithi kufanele sisebenze zonke izicelo ngesikhathi esifanele.

(2) Ngaphambu kokukhipha iphemithi ngokwale miThethonqubo, isiphathimandla esikhipha amaphemithi kufanele sizanelise ukuthi -

- (a) umphumela wokwenziwayo okufanele kumithombo yomdabu yemvelo uzoba mncane noma uzokwehliswa futhi ulungiswe;
- (b) okwenziwayo okufanele akuzukuqeda imithombo yomdabu yemvelo kwedlule ezingeni lapho ubunjalo bayo bulimala.

(5) Ekutholeni isicelo sephemithi isiphathimandla esikhipha amaphemithi -

- (a) kufanele sicabangisise izicelo;
- (b) singadinga umfakisicelo noma omunye onotho ukuba alethe ulwazi olungeziwe.
- (c) singadinga umfakisicelo ukuba enze uhlolo lwengozi ngokuhambelana nesahluko sama-89 somThetho noma ngokombandela wanoma imiphi imithethonqubo yoMthetho.

(3) Ngemuva kokuthatha isinqumo ngesicelo sephemithi isiphathimandla esikhipha amaphemithi kufanele –

- (a) sazise umfakisicelo ngesinqumo ngokubhaliwe kungakapheli izinsuku eziyi-15 zokusebenza ngemuva kokwenza isinqumo;
- (b) uma isicelo sivunyiwe, sikiphe iphemithi, sichibiyele iphemithi, noma siyivuselele, njengoba kunokwenzeka, kungakapheli izinsuku eziyi-15 zokusebenza ngemuva kokwenza isinqumo;
- (c) Uma isicelo sichithwa -

- (i) sazise umfakisicelo ngesinqumo ngokubhaliwe kungakapheli izinsuku esiyi-15 zokusebenza ngemuva kokwenza isinqumo;
- (ii) sinike izizathu zokunqaba; futhi
- (ii) sazise umfakisicelo ngelungelo lomfakisicelo lokukhalaza aphikise isinqumo ngokwesahluko sama-94 soMthetho kanye noMthethonqubo we-16.

(4) Isiphathimandla esikhipha amaphemithi kufanele siqaphe bonke abagcinimaphemithi ukuqinisekisa ukuhambisana nezimo zamaphemithi.

### **Izimo okungakhishwa ngaphansi kwazo amaphemithi**

**8.** (1) UNgqongqoshe angakhipha iphemithi ye-*Bioprospecting* noma iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezimpahla ezweni kuphela, uma uNgqongqoshe enelisiwe ukuthi –

- (a) abanotho abafanele sebeyaziwa ngokuhambelana nezinqubomgomo ezichazwe kwisahluko sama-82 soMthetho;
- (b) kube khona ukudalulwa kolwazi okufanele kubo bonke abanotho abaziwayo;
- (c) umfakisicelo uthole ngaphambili ukuvunyelwa kwanoma imuphi umuntu, kumbandakanya izinhlaka zikahulumeni noma umphakathi ohlinzeka noma onike ukufinyeleleka kwimithombo yomdabu yemvelo efakelwa isicelo, futhi isivumelwano sokudluliswa kwezinto kanye nesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo senziwe nabanotho abafana nalaba;
- (d) umfakisicelo uthole ngaphambili ukuvunyelwa kwemithombo yomdabu yemvelo ethintekayo, futhi nesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo senziwe nemiphakathi efana nalena.

(2) Ukuze azenelise ngokuthi izidingo zoMthetho nemiThethonqubo zifeziwe, uNgqongqoshe angadinga ukuba umfakisicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* noma sephemithi embandakanyayo yokukhipha izinto ezweni ne-*Bioprospecting* -

- (a) abonise ukuthi iziphi izinyathelo ezenziwe ukukhomba abanotho;
- (b) athathe ezinye izinyathelo zokuthola abanotho;
- (c) ahlinzeke ubufakazi bokuthi ulwazi olufanele olumayelana ne-*Bioprospecting* ludaluliwe kubantu abatholakele abanotho;
- (d) ahlinzeke ubufakazi bokuthi ukuvuma kwabantu ababonakele abanotho butholakele ngaphambilini.

### ***Ingxenye yesi-2: Ukufaka isicelo samaphemithi***

#### **Umfakisicelo**

- 9** (1) Iphemithi ngokoMthetho ingakhishelwa kuphela -
- (a) umuntu oyisazimthetho esibhalisile ngokomthetho waseNingizimu Afrika;
  - (b) umuntu wemvelo, oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika noma ongumhlali ngokuphelele eNingizimu Afrika;
  - (c) umuntu oyisazimthetho esibhalisile ngokomthetho waseNingizimu Afrika noma umuntu wemvelo ongesona isakhamuzi saseNingizimu Afrika noma umhlali waseNingizimu Afrika, uma leso sazimthetho noma isakhamuzi sakwelinye izwe sifaka isicelo kanye nomuntu wakulele noma wemvelo okukhulunywa ngaye kwisigaba (a) no-(b) phezulu.
- (2) Umfakisicelo sephemithi kufanele -
- (a) adalule uma, mayelana nemithombo yomdabu yemvelo eyenzelwa isicelo –
    - (i) noma isiphi esinye isicelo sephemithi ngokoMthetho noma nganoma iliphi elinye iqoqomthetho esifakwe kusiphathimandla ngaphambilini noma ngokuhambisana nesicelo samanje; futhi
    - (ii) uma ngabe leso sicelo sachithwa noma savunywa noma sisalindiwe;
  - (b) uma i-*Bioprospecting* yandulelwe ucwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting* mayelana nemithombo yomdabu yemvelo isicelo esimayelana nayo, sidalula

ulwazi ngohlobo locwaningo kanye nokwenziwe okuholele ekufakweni kwesicelo sephemithi ye-*Bioprospecting*.

### **Indlela yokufaka izicelo**

**10.** (1) Isicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* kufanelwe sifakwe kuNgqongqoshe futhi kufanele –

(a) sibe ngohlobo lweNgxenye yoku-1 yeSengezo sesi-2 kule miThethonqubo;

(b) sibe nolwazi oluzovumela uNgqongqoshe ukuba asicwaninge ngemfanelo.

(2) Isicelo sephemithi embandakanyayo yokukhishwa kwezinto ezweni kanye ne-*Bioprospecting* kufanele sifakwe kuNgqongqoshe futhi kufanele –

(a) sibe ngohlobo lweNgxenye yoku-1 yeSengezo sesi-2 kule miThethonqubo;

(b) sibe nolwazi oluzovumela uNgqongqoshe ukuba asicwaninge ngemfanelo.

(3) Uma izivumelwano zokudluliswa kwezinto noma izivumelwano zokwabiwa kwenzuzo zidingeka, umfakisisicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* noma iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezimpahla ezweni ne-*Bioprospecting* kufanele afake kwisicelo sephemithi enjengalena –

(a) izivumelwano ezisayindiwe zokudluliswa kwezinto noma izivumelwano zokwabiwa kwenzuzo ezisayindiwe uma izivumelwano ezifana nalezi zenziwe; noma

(b) uma kungazange kukhoneke ukwenza izivumelwano ezifana nalezi, isicelo sokungenela kukaNgqongqoshe ngezinhloso zokuxoxisana ngezivumelwano ezinjengalezi, ngokuhambisna nesahluko sama-82(4)(b) soMthetho.

(4) Isicelo sephemithi yokukhishwa kwezimpahla ezweni ukwenzela izinhloso zocwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting*, kufanele sifakwe ku-MEC oshiwo kuMthethonqubo wesi-6(2) futhi kufanele -

(a) sibe ngohlobo lweSengezo sesi-3 kule miThethonqubo;

- (b) sibe nolwazi oluzovumela u-MEC ukuba asicwaninge ngemfanelo.

***Ingxenye yesi-3: Ukukhishwa kwamaphemithi kanye nokuqukethwe  
ngamaphemithi***

***Amaphemithi e-Bioprospecting***

11. (1) Amaphemithi e-*Bioprospecting* angakhishwa kuphela uma -

(a) uNgqongqoshe ephasise noma ngabe iziphi izivumelwano zokudluliswa kwezinto noma izivumelwano zokwabiwa ezidingwa nguMthetho futhi zafakwa kuNgqongqoshe; futhi

(b) imali ekhokhwayo engabuyi echazwe kuSengezo soku-1 ikhokhiwe.

(2) Iphemithi ye-*Bioprospecting* kufanele -

(a) ibe ngohlobo lweSengezo sesi-4 kule miThethinqubo;

(b) isho isikhathi iphemithi esemthethweni ngaso;

(c) isho uhlobo lwemithombo yomdabu yemvelo ethintekayo;

(d) isho inani lemithombo yomdabu yemvelo elithintekayo;

(e) isho lapho kutholakala khona lemithombo yomdabu yemvelo ethintekayo;

(f) ikhishwe ngokuhambelana nemibandela enqunywe nguNgqongqoshe, okufanele le mibandela imbandakanye ukuthi-

(i) zonke izimali zabanotho ngekwesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo kufanele zikhokhwe kwisiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting*, njengoba kudingwa isahluko sama-85(1) soMthetho;

(ii) umgciniphemithi kufanele, njalo unyaka nonyaka, afake umbiko wesimo kuNgqongqoshe ngendlela enqunywe nguNgqongqoshe;

- (iii) umgciniphemithi uzokhokha zonke izindleko zokulamulwa noma ukuxazulula umphumela we-*Bioprospecting* kwimvelo, ngokuhambelana nesahluko sama-28 se-NEMA; futhi
- (iv) imithombo yomdabu yemvelo iphemithi emayelana nayo ingethengiswe, inikelwe noma idluliselwe kwingxenywe yesithathu ngaphandle kokuvuma ngokubhaliwe kukaNgqongqoshe.

**Amaphemithi ambandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni kanye ne-*Bioprospecting***

12. (1) Iphemithi ambandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni ne-*Bioprospecting* ingakhishwa kuphela uma uNgqongqoshe eneliswa ukuthi ukukhishwa kwezinto kwemithombo yomdabu yemvelo ye- *Bioprospecting* kuzobe kungenhloso ezozuzisa umphakathi, kumbandakanya -

- (a) ukulondolozwa kwemvelo ehlukahlukene eNingizimu Afrika;
- (b) ukuthuthukiswa koMnotho waseNingizimu Afrika; noma
- (c) ukwenziwa ngcono kolwazi lwesayensi nokuhlonyiswa kobuchwepheshe kwabantu nezikhungo zaseNingizimu Afrika.

(2) Iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni ne-*Bioprospecting* kufanele -

- (a) ibe ngohlobo lweSengezo sesi-5 kule miThethonqubo;
- (b) isho isikhathi iphemithi esemthethweni ngaso;
- (c) isho uhlobo lwemithombo yomdabu yemvelo ethintekayo;
- (d) isho inani lemithombo yomdabu yemvelo elithintekayo;
- (e) isho lapho kutholakala khona lemithombo yomdabu yemvelo ethintekayo;
- (f) ikhishwe ngokuhambelana nemibandela enqunywe nguNgqongqoshe, okufanele leyo mibandela imbandakanye ukuthi-
  - (i) zonke izimali zabanotho ngekwesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo kufanele zikhokhwe kwisiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting*, njengoba kudingwa isahluko sama-85(1) soMthetho;
  - (ii) umgciniphemithi kufanele, njalo unyaka nonyaka, afake umbiko wesimo kuNgqongqoshe ngendlela enqunywe nguNgqongqoshe;

- (iii) umgciniphemithi uzokhokha zonke izindleko zokulamulwa noma ukuxazululaumphumela we-*Bioprospecting* kwimvelo, ngokuhambelana nesahluko sama-28 se-NEMA; futhi
- (iv) imithombo yomdabu yemvelo iphemithi emayelana nayo ingethengiswe, inikelwe noma idluliselwe kwingxenye yesithathu ngaphandle kokuvuma ngokubhaliwe nguNgqongqoshe.

**Amaphemithi okhipha izinto ocwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting***

**13.** (1) Iphemithi yokukhipha impahla ezweni ukuze kwenziwe ucwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting* ingakhishwa kuphela uma isiphathimandla esikhipha amaphemithi esishiwo kuMthethonqubo wesi-6 sanelisiwe ukuthi ukukhishwa zweni kwemithombo yomdabu yemvelo efanele kuzobe kungenhloso ezozuzisa umphakathi, kumbandakanya –

- (a) ukulondolozwa kwemvelo ehlukehlukehene eNingizimu Afrika;
- (b) ukuthuthukiswa koMnotho waseNingizimu Afrika; noma
- (c) ukwenziwa ngcono kolwazi lwesayensi nokuhlonyiswa kobuchwepheshe kwabantu nezikhungo zaseNingizimu Afrika.

(2) Iphemithi yokukhipha imithombo yomdabu yemvelo ezweni ngenhloso yocwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting* —

- (a) kufanele ibe ngohlobo lweSengezo sesi-6 kule miThethonqubo;
- (b) kufanele isho isikhathi iphemithi esemthethweni ngaso;
- (c) kufanele isho uhlobo lwemithombo yomdabu yemvelo ethintekayo;
- (d) kufanele isho inani lemithombo yomdabu yemvelo elithintekayo;
- (e) kufanele isho lapho kutholakala khona lemithombo yomdabu yemvelo; futhi
- (f) kufanele ikhishwe ngokuhambelana nezimo ezilandelayo -

- (i) imithombo yomdabu yemvelo iphemithi emayelana nayo, ingasetshenziselwa izinhloso okungezona ezokuyithengisa kuphela njengoba kuchaziwe kuphemithi;
- (ii) imithombo yomdabu yemvelo iphemithi emayelana nayo, ingasetshenziselwa izinhloso ze-*Bioprospecting*;
- (iii) umgciniphemithi uzokhokha zonke izindleko zokulamulwa noma ukuxazulula emvelweni umphumela wokuzikhipha ezweni, ngokuhambelana nesahluko sama-28 se-NEMA;
- (iv) imithombo yomdabu yemvelo iphemithi emayelana nayo ingethengiswe, inikelwe noma idluliselwe kwingxenye yesithathu ngaphandle kokuvuma ngokubhaliwe kwesiphathimandla esikhipha amaphemithi, okungukuthi ukuvuma kwaso kungeke kutholakale uma ingxenye yesithathu ifuna ukusebenzisa imithombo iyisebenzisele izinhloso ze-*Bioprospecting*; futhi
- (v) umgciniphemithi kufanele, njalo unyaka nonyaka noma ngesikhathi ezibekiwe njengoba zinqunywe yisiphathimandla esikhipha amaphemithi, afake umbiko wesimo kusiphathimandla esikhipha amaphemithi ngendlela enqunywe yiso;

#### ***Ingxenye yesi-4: Izikhalazo***

#### **Izinqumo okufanele zikhalazelwe**

**14.** (1) Umfakisiselo angakhalaza, ngokwesahluko sama-94 soMthetho, aphikise noma isiphi isinqumo –

- (a) esenqaba iphemithi;
- (b) angabeka izimo zephemithi ezingeziwe kwizimo ezigunyazayo ezibekwe ngokwale miThethonqubo;
- (c) angaqeda iphemithi.

## **Inkambiso yokukhalaza**

15. (1) Isikhalazo kufanele sifakwe kuNgqongqoshe kungakapheli izinsuku ezingama-30 ngemuva kokuthi umfakisicelo ethole isaziso sesinqumo okufakwa isikhalazo siphikiswa.

(2) Abanotho abanokunaka ekukhalazeni kufanele bahlinzekwe ngekopi yesikhalazo futhi kufanele baziswe ukuthi banezinsuku eziyi-15 kusukela ngosuku lokwaziswa ukuba bafake isethulo mayelana nesikhalazo kuNgqongqoshe.

(3) Isikhalazo kufanele –

- (a) sibeke izizathu zokuthi kungani kukhalazwa ngesinqumo;
- (b) sikhombe noma yibaphi abanokunaka ekukhalazeni futhi sinike ubufakazi ukuthi ikopi yesikhalazo bayitholile bonke abanotho; futhi
- (c) siphелеkezelwe imali ekhokhwayo engabuyi eshiwo kwiSengezo soku-1.

## **ISIQEPHU SESI-3**

### **IZIVUMELWANO ZOKUDLULISWA KWEZINTO, IZIVUMELWANO ZOKWABIWA KWENZUZO KANYE NOKULAWULWA KWE-KWSIKHWAMA SETHRASTI YE-BIOPROSPECTING**

#### ***Ingxenye yoku-1: Izivumelwano***

#### **Izivumelwano zokudluliswa kwezinto**

16. (1) Izingxenye zesivumelwano sokudluliswa kwezinto singabafakisicelo nabanotho njengoba kuchaziwe esigabeni sama-82(1)(a) no-(b) soMthetho ohlinzeka noma onikeza ukufinyelela kumithombo yomdabu yemvelo isicelo esimayelana nayo.

(2) UNgqongqoshe kufanele aphasise konke ukudluliswa kwezinto noma ukuchibiyelwa noma yikuphi kwesivumelwano esinjengalesi, ngokuhambisana nesahluko sama-84(2) soMthetho.

(3) Isivumelwano sokudluliswa kwezinto kufanele sibe ngohlobo lweSengezo sesi-7 futhi kufanele siphathe ulwazi oluchaziwe kwisahluko sama-84(1)(b) soMthetho.

### **Izivumelwano zokwabiwa kwenzuzo**

**17.** (1) Izingxenye zesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo zingabafakisicelo futhi nabanotho okukhulunywa ngabo kwisahluko sama-82(1)(a) no-(b) soMthetho.

(2) Isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo kufanele sibe ngohlobo lweSengezo sesi-8 futhi kufanele siphathi ulwazi oluchaziwe kwisahluko sama-84(1)(b) soMthetho.

(3) Ngaphambu kokuphasisa isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo noma ukushicilela, uNgqongqoshe –

(a) kufanele aneliswe ukuthi isivumelwano asenzeleli futhi siyalingana kuzo zonke izingxenye;

(b) angaxhumana nomuntu ofanele ukuba eluleke ngesivumelwano; futhi

(c) angamema umphakathi ukuba ube nombono ngesivumelwano ngaphandle uma kungekho lwazi oluyimfihlo olubekwa obala.

(4) UNgqongqoshe angala ukuphasisa isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo ngaphandle uma isivumelwano esinjena senza imibalandlela -

(a) yokwenza ngcono ulwazi kanye nokuhlomisa abantu, izinhlaka zikahulumeni noma imiphakathi yendabuko ukulondoloza, ukusebenzisa nokuthuthukisa imithombo yomdabu yemvelo; noma

(b) okunye okwenziwayo ukuqhubekisela phambili ukulondolozwa kwemvelo, ukusebenzisa ngokungapheli kanye nokuthuthukisa kwemithombo yomdabu yemvelo efanele.

(5) Abagcinimaphemithi kufanele bafake ikopi yazo zonke izivumelwano zokwabiwa kwenzuzo Umqondisi-Jikelele, kungakapheli inyanga isivumelwano senziwe noma kungakapheli inyanga kwanoma yikuphi ukuchibiyelwa kusivumelwano esinjengalesi senziwe.

## **Imisebenzi yoMniniphemithi**

**18.** Umgciniphemithi e-*Bioprospecting* wephemithi embandakanya ukukhishwa kwezimpahla ezweni ne-*Bioprospecting* kufanele -

- (a) azise uMqindisi-Jikelele ngokuthi imali ilindeleke nini ukuba ifike kwabanotho njengoba kuchaziwe esivumelwaneni sokwabiwa kwenzuzo;
- (b) azise abanotho abafanele bathole inzuzo yemali ngokwesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo ukuthi imali idluliselwe noma ikhokhwe kuziKwama zeThrasti Ye-*Bioprospecting*.

### ***Ingxenye yesi-2: UkuLawulwa KwesiKhwama Sethrasti ye-Bioprospecting***

#### **UkuLawulwa KwesiKhwama Sethrasti ye-Bioprospecting**

**19.** (1) Ngokwesahluko sama-85(1) soMthetho, zonke izimali ezivela kuzivumelwano zokwabiwa kwenzuzo futhi okufanele zikhokhelwe abanotho kufanele zikhokhwe kwisiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting*.

(2) IsiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting* sizolawulwa ngokuhambela nemiThethonqubo Kasikhwama ekhishwe ngokoMthetho wokuphatha Izimali Zomphakathi we-1999 (uMthetho woku-1 we-1999).

(3) Ngenhloso yokubambelela kumiThethonqubo Kasikhwama –

- (a) isivumelwano ngazinye sokwabiwa kwenzuzo kufanele sithathwe njengethuluzi lethrasti elichaza kabanzi inhloso imali engene kwasikhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting* okufanele isetshenziselwe yona;
- (b) Umqondisi-Jikelele ubhekela ukuphepha nokusetshenziswa kahle kwayo yonke imali etholwe isiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting*, ngokuhambelana nesivumelwano esifanele sokwabiwa kwenzuzo;
- (c) nguMqondisi-Jikelele angabiza imali engatheni yokulawulwa kwemali etholwe ngokwesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo.

(4) Umqondisi-Jikelele kufanele -

- (a) azise zonke iziphathimandla ezikhipha amaphemithi imininingwane yasebhangi yesiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting*, okufanele inikwe abagcinimaphemithi ekukhishweni kwawo wonke amaphemithi;
- (b) eluleke izingxenye ngesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo nganoma –
  - (i) iyiphi imali etholakele mayelana naleso sivumelwano;
  - (ii) imali ekufanele ikhokhelwe onotho ngamunye ngokwesivumelwano; futhi
- (c) ukusabalalisa zonke izimali ezitholiwe ngokuhambelana nesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo.

(5) Isibopho soMqondisi-Jikelele ngokomthethonqutshana wesi-(4) angasuswa njalo ngonyaka ngaphandle uma isikhathi esehlukile –

- (a) sichaziwe kusivumelwano sokwabiwa kwenzuzo; noma
- (b) kuvunyelwene ngaso phakathi koMqondisi-jikelele nezingxenye zesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo.

(6) Uma nganoma isiphi isizathu, kunemali engaphezulu kweyanele kwisiKhwama Sethrasti ye-*Bioprospecting* engakolodwa noma iyiphi ingxenye ngokwesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo, uMqondisi-Jikelele kufanele asebenzise leyo ukwenza okukodwa noma okuningi kwalokhu okulandelayo -

- (a) ukulondoloza imithombo yomdabu yemvelo;
- (b) ukusekela ucwaningo oluqhubekayo ngemithombo yomdabu yemvelo kanye nolwazi lwendabuko;
- (c) ukuhlomisa imiphakathi yendabuko;
  - (i) ngamalungelo ayo ngokoMthetho; futhi
  - (ii) ngokuyivumela ukuba ixoxisane kuzivumelwano zokwabiwa kwenzuzo ezingenzeleli nezilinganayo;

- (d) ukwenza ngcono ulwazi lwezesayensi nokuhlomisa abantu, izinhlaka zikahulumeni noma imiphakathi yendabuko, ukulondoloza, ukusebenzisa nokuthuthukisa imithombo yomdabu yemvelo; noma
- (e) nanoma yikuphi okunye okwenziwayo ukuqhubekisela phambili ukulondolozwa kwemvelo, ukusebenzisa ngokungapheli nokuthuthukiswa kwemithombo yomdabu yemvelo yaseNingizimu Afrika.

(7) Uma kungakhoneki, nganoma isiphi isizathu, akhokhele noma iyiphi ingxenye imali eyikolodwayo ngokwesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo, uMqondisi-Jikelele kufanele –

- (a) aqinisekise uma kunomunye umuntu noma umgwamanda okufanele ukhokhelwe imali ngokusemthethweni;
- (b) uma kungekho muntu otholakalayo okufanele imali ikhokhelwe yena, axhumane nanoma iziphi izingxenye zezivumelwano esifanele ngokuhlukanisa kwaleyo mali, bese ngemuva kwalokho ngokungenzeleli nangokulingana ayihlukanisele bonke abanotho, uma bekhona;
- (c) uma bengekho abanotho, ayihlukanise ngokomthethonqutshana wesi-(6)

## **ISIQEPHU SESI-4**

### **JIKELELE**

#### **Amacala**

**20.** Umuntu utholakala enecala uma lowo muntu–

- (a) engenayo iphemithi -
  - (ii) enza i-*Bioprospecting* ngemithombo yomdabu yemvelo;
  - (ii) ekhipha eRiphabhlikhi nanoma iyiphi imithombo yomdabu yemvelo ngenhloso ye-*Bioprospecting* noma yokwenza ucwaningo noma iluphi;

- (b) enza okwenziwayo okwakhishelwa iphemithi ngezinye izindlela kunokuhambelana nezimo iphemithi eyakhishwa ngazo;
- (c) evumela nanoma ngabe ubani ukuba enze, noma ashiye ukwenza okuthile okuyicala ngokwale miThethonqubo.

### **Inhlawulo**

**21.** (1) Umuntu otholakele enecala ngokomthethonqubo wama-20–

- (a) angaboshwa agqunywe ejele isikhathi esingadluli iminyaka emihlanu;
- (b) ahlawuliswe akhokhe imali; noma
- (c) kokubili ukuhlawuliswa nokuboshwa okufana nalokhu.

(2) Inhlawulo ngokomthethonqutshana woku-(1) ingeke yedlula imali ebekwe ngokoMthetho Wokulinganisela we-1991(uMthetho we-101 we-1991).

### **Imibandela yesikhashana**

**22.** (1) Kuye ngomthethonqutshana wesi-(2) nowesi-(3), noma ngubani othintekayo ekuqalisweni kwale miThethonqubo kwiphrojekhthi ye-*Bioprospecting*, angaqhubeka nephrojekhthi kulale ekukhishweni kwephemithi ye-*Bioprospecting*.

(2) Umuntu othintekayo kwiphrojekhthi ye-*Bioprospecting* osevele eseqalile kufanele, kungakapheli **izinyanga eziyisithupha** zokuqalisa ukusebenza kwale miThethonqubo, afake isicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* kuNgqongqoshe ngokuhambelana nesiQephu sesi-2 sale miThethonqubo.

(3) Uma iphrojekhthi ye-*Bioprospecting* esivele iqalile ethinta abanotho okudingeka ukuba bavikelwe ngokwesahluko sama-82 soMthetho, umfakisicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* kufanele –

- (a) axoxisane futhi enze izivumelwano ezifanele zokwabiwa kwenzuzo nabanotho abaziwayo;

- (b) afake isicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* esifakwe kuNgqongqoshe ngokoMthethonqutshana wesi-(2) –
- (i) isivumelwano esisayindiwe sokwabiwa kwenzuzo esenziwe nabanotho; noma
  - (ii) isicelo esibhalwe phansi sokungelelela kukaNgqongqoshe ngezinhloso zokuxoxisana ngezivumelwano ezifana nalezi, ngokuhambelana nesahluko sama-82(4)(b) soMthetho, uma kungeke kukhoneke ukwenza isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo esikhathini esingaphansi kwezinyanga eziyisithupha okukhulunywe ngazo kuMthethonqutshana wesi-(2).
- (4) Iphrojekhthi ye-*Bioprospecting* esivele iqalile -
- (a) kufanele iqedwe uma -
    - (i) isicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* saliwa, noma
    - (ii) isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo singaqediwe futhi kungalindiwe ukungelelela kukaNgqongqoshe;
  - (b) ingaqhubeka uma iphemithi ye-*Bioprospecting* ikhishiwe, kuye nganoma iziphi izimo eziqukethwe kuleyo phemithi.

### **Isihloko esifushane nokuqaliswa**

**23.** Le miThethonqubo ibizwa imiThethonqubo ye-Bioprospecting, Ukufinyelela Nokwabiwa Kwenzuzo ye-2009 futhi izoqala ukusebenza ngosuku olubekwe nguNgqongqoshe ngesaziso esikuGazethi.

## ISENGEZO SOKU-1

### EZIMALI EZIKHOKHWAYO EZIBEKIWE EZINGABUYIYO

#### 1. Izimali zamaphemithi

1.1. IPhemithi ye-*Bioprospecting* (uMthethonqubo we-11)

R5 000

1.2. Iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni kanye ne-*Bioprospecting* (uMthethonqubo we-12)

1.3. 5 200

1.4. Iphemithi yokukhipha izinto ezweni ngenhloso yocwaningo ngaphandle kwe-*Bioprospecting* (uMthethonqubo we-13)

R 100

#### 2. Isikhalazo ngokoMthethonqubo we-15

Imali ekhokhwayo yesikhalazo

R50

## ISENGEZO SESI-2

### INGXENYE YOKU-1: UFAKA ISICELO SEPHEMITHI YE-*BIOPROSPECTING*

### INGXENYE YESI-2: UFAKA ISICELO SEPHEMITHI YOKUKHIPHA IZINTO EZWENI NGENHLOSO YE-*BIOPROSPECTING*

#### Amanothi ngokugcwaliswa kwefomu:

1. Uma ufaka isicelo sephemithi ye-*Bioprospecting* futhi ufuna ukukhipha imithombo yomdabu yemvelo efanele, udinga ukugcwalisa ingxenye yoku-1 yaleli fomu.
2. Uma ufaka isicelo sephemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni kanye ne-*Bioprospecting* kufanele ugcalise ingxenye yoku-1 neyesi-2 yaleli fomu.
3. Uma isikhala osinikiwe singanele kuleli fomu, ulwazi olungeziwe lungafakwa ngendlela yeZengezo.

#### UHLOBO LWEPHEMITHI EFAKELWA ISICELO (Faka uphawu ebhokisini elifanele)

Iphemithi ye-*Bioprospecting*:

Iphemithi embandakanya ukukhishwa kwezinto ezweni

kanye ne-*Bioprospecting*:

#### IZINGA LE-BIOPROSPECTING (Faka uphawu ebhokisini elifanele)

Izinga lokufumana:

Izinga lokuhweba:

## INGXENYE YOKU-1: UKUFAKA ISICELO SEPHEMITHI YE-*BIOPROSPECTING*

### UMFAKISICELO

***Uma umfakisicelo eyisazimthetho qedelela imishwana ukusuka kowoku-1– 7 ngezansi***

1. Igama eliphelele lesikhungo noma lomgwamanda:

\_\_\_\_\_

2. Ingabe umgwamanda ubhalisile njengesazimthetho eNingizimu Afrika? Yebo/Cha

3. Uma impendulo kungu Yebo, nikeza inombolo yaseNingizimu Afrika yokurejista kwesazimthetho:

4. Uma kungu Cha, ubhalise kuliphi izwe ukuba umgwamanda oyisazimthetho futhi hlinzeka ngenombolo yereferensi:

5. Hlinzeka ngemininingwane yokuxhumana yomgwamanda oyisazimthetho (kumbandakanya ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-*email*):

6. Igama lomuntu okumgwamanda wesazimthetho (faka ikopi eqinisekisiwe ye-ID/kamazisi):

7. Isikhundla sosayindayo: \_\_\_\_\_

**Uma umfakisicelo engumuntu wemvelo qedelela imishwana usuka kowesi-8–12 ngezansi**

8. Igama lomfakisicelo: \_\_\_\_\_

9. Inombolo kamazisi womfakisicelo (faka futhi ikopi eqinisekisiwe ye-ID/kamazisi):

\_\_\_\_\_

10. Imininingwane yokuxhumana yomfakisicelo (kumbandakanya ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-*email*):

11. Ingabe umfakisicelo ungumgwamanda oyisazimthetho? Yebo/Cha

12. Uma impendulo kungu yebo, nikeza igama neminingwane yokuxhumana yomgwamanda oyisazimthetho (kumbandakanya igama lomuntu okuxhunyanwa naye, ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-*email*):

**Yonke ingxenye esele igcwaliswa yibo bonke abafakizicelo**

13. Amagama neminingwane yokuxhumana (kumbandakanya ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-*email*) zabo bonke enibambisene nabo:

\_\_\_\_\_

14. Izinombolo zomazisi babo bonke enibambisene nabo (faka futhi amakopi aqinisekisiwe ama-ID/omazisi):

\_\_\_\_\_

15. Amagama neminingwane yokuxhumana (kumbandakanya ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-*email*) abo bonke abazokwenza iphrojekhthi ye-*Bioprospecting*:

\_\_\_\_\_

16. Izinombolo zomazisi zabo bonke abazokwenza iphrojekhthi ye-*Bioprospecting* (faka futhi amakopi aqinisekisiwe ama-ID/omazisi):

---

17. Ingabe bakhona abakwamanye amazwe abaxhase ngezimali le phrojekhthi?

Yebo/Cha

18. Uma impendulo kungu yebo, nikeza amagama neminingwane yokuxhumana yabo (kumbandakanya igama lomuntu okuxhunanwa naye, ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-email):

---

19. Ingabe bakhona abantu baseNingizimu Afrika abaxhase ngezimali le phrojekhthi?

Yebo/Cha

20. Uma impendulo kungu Yebo, nikeza amagama neminingwane yokuxhumana yabo (kumbandakanya igama lomuntu okuxhunanwa naye, ikheli lendawo/leposi, izinombolo zocingo, izinombolo zefeksi, kanye nekheli le-*email*):

---

## IMITHOMBO YOMDABU YEMVELO

21. Chaza uhlobo lwemithombo yomdabu yemvelo etholelwe iphemithi, umndeni, iqembu noma uhlobo, ingxenye yesilokazane ekufanele iqokelelwe, inani lemithombo okufanele liqokelelwe noma litholwe futhi nendawo noma lapho okufanele kutholakele umthombo ngamunye okufanele uqokelelwe.

Izinhlabo zezilokazana	UMndeni, iQembu, noma uHlobo (igama lesayensi nelijwayelekile)	izingxenye zokuphilayo okufanele ziqokelelwe	Inani	Idatha ephelele yendawo (izifundo ze-GIS uma kukhoneka)
------------------------	--	--	-------	---

	) <b>(uma kukhoneka)</b>			
<b>Isibonelo: Isitshalo</b>	<b>Inhlaba (Aloe ferox)</b>	<b>Amagxolo</b>	<b>6 kg</b>	<b>....</b>

### **UCWANINGO LWANGAPHAMBILINI NEZICELO ZAMAPHEMITHI**

**22.** Mayelana nemithombo yokuphilayo komdabu okushiwo ngenhla, ingabe kuke kwenziwa noma isiphi esinye isicelo sephemithi ngokoMthetho noma nganoma iliphi elinye iqoqomthetho ngaphambilini noma ngokuhambisana nesicelo samanje? Yebo/Cha

**23.** Uma impendulo kungu Yebo, ingabe lesi sicelo sachithwa noma savunywa noma sisalindiwe?

---

**24.** Uma isicelo savunywa, nikeza ulwazi olulandelayo bese ufaka nekopi yephemithi.

<b>Inombolo yephemithi</b>	<b>Isiphathimandla esikhipha iphemithi</b>	<b>Usuku eyaphuma ngalo</b>

**25.** Uma isicelo sisalindiwe, nikeza inombolo yereferensi yesiphathimandla esikhipha iphemithi:

---

## UKUDALULWA KOLWAZI

26. Ingabe lonke ulwazi lwezinto ludaluliwe kunoma imuphi umuntu, izinhlaka zikahulumeni noma umphakathi ohlinzeka noma onika ukufinyeleleka kwimithombo yomdabu yemvelo nakumiphakathi yendabuko enolwazi lwamasiko noma ukusetshenziswa kwemithombo yomdabu yemvelo?

Yebo/Cha

27. Chaza kabanzi ngempendulo yakho yesigaba esingenhla ngokuthi uchaze lonke ulwazi oludalulile.

---

---

---

## ABANOTHO

QAPHELA: Uma umuntu noma imuphi, uhlaka lukahulumeni noma umphakathi odinga ukuhlinzeka noma unikeze ukufinyeleleka kwimithombo yomdabu yemvelo, ukuvuma kwawo kufanele kutholakale futhi isivumelwano sokudluliswa kwento (i-MTA) ngohlobo lweSengezo sesi-4 kanye nesivumelwano sokwabiwa kwenzuzo(i-BSA) ngohlobo lweSengezo sesi-5 kufanele kufakwe kulesi sicelo.

28. Ukuthola umuntu, izinhlaka zikahulumeni noma umphakathi ukuvuma kwakhe okudingekayo futhi esimweni ngasinye uma i-MTA ne-BSA sezenziwe nabo. Lezi zivumelwano kufanele zifakiwe kulesi sicelo.

Ohlinzeka	I-MTA yenziwe futhi	I-BSA yenziwe futhi
-----------	---------------------	---------------------

ngokufinyeleleka	yafakwa?	yafakwa?

**QAPHELA:** Uma um(imi)phakathi isibonakele, isivumelwano sokwabiwa kwenzuzo (i-BSA) kufanele senziwe ngohlobo lweSengezo sesi-5 nalowo m(mi)phakathi futhi kufanele kufakwe kulesi sicelo.

**29.** Iziphi izinyathelo ezithathiwe ukukhomba noma ngabe imuphi umphakathi wendabuko osebenzisa noma onolwazi lwemithombo yomdabu yemvelo lesi sicelo esimayelana nayo, okungenzeka ukuthi uqale noma ube neqhaza kwi-*Bioprospecting* ehlongozwayo

---



---



---



---

**30.** Ukuchazwa kolwazi lwe lwendabuko/ukwazi ukulisebenzisa:

